| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma | |
| | phuza | phepha | iphupho | phila | |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe | |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | ihhotela | wawuva | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** __________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i [eye] kanye [mouth] amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | | IVIKI 4 |
|---|---|---|
| **UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | konke · ngakho · kanye · kwaze · kwalokho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala · ihholo · ihhoko · ihhashi<br>dlala · ukudla · udlame · dlula |
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala (BUKA USHO) bese (PHIMISA UMSINDO) amagama kwisichazamazwi sakho. |
| **UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda (BUKA USHO) bese (PHIMISA UMSINDO) amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye.

**BHALA**

1. Ubonani usisi?
   **uSisi ubona** ___________.
2. Inani imbiza?
   **Imbiza ine** ________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihlobo
Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana ____________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya _____________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi_________________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona ___________________ne ______________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ______________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda __________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |
| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda i (bona) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | ngayo · indandatho · lapha · kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza · indingiliza · · indima<br>izindaba · ngasosonke · kunabo |
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>_________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ___________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo____________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho | |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku | |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu <u>injoloba</u>. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise <u>injoloba</u> kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo <u>injoloba</u> uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki <u>injoloba,</u> <u>njengoba</u> wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa <u>injoloba.</u> |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise _____________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba _____________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | FUNDA | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | BHALA | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| | BHALA | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**________________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | |
| BHALA | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!' uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo <u>intuthu</u>. <u>Intuthu</u> yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu <u>omuntu</u>. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo <u>lentuthu.</u> Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba <u>intuthu</u> yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu <u>enensila,</u> ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke <u>izinsuku.</u> Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane <u>eyayinensila</u> emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi <u>unensila.</u> Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo <u>insila,</u> nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

| ULWESIBILI UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | inyanga | | | | |
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. | | | | |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** | | | | |

| ULWESIBILI UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ____________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la_______________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i_________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| | BHALA | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>__________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne___________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda <u>ukukhuluma.</u> Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala <u>zikhulumele</u> phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani <u>abakhulumayo</u> bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada <u>abakhulumayo</u> uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha <u>bayakhala</u> ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

<u>Iphupho</u> lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi <u>amaphupho</u> akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ____________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ________________________. |
| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | kwasho \| kwenzekani \| ngenkathi \| kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala \| ukudla \| udlame \| dlula<br>isidlakela \| wawuvame |
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _________________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ______________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**_________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| **ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1** | **IVIKI 4** |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke, ngakho, kanye, kwaze, kwalokho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala, ihholo, ihhoko, ihhashi<br>dlala, ukudla, udlame, dlula |
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

| ULWESIBILI UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | | ihleza | kwalokho | | | |
| | **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. | | | | |

| ULWESIBILI UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | | kloba | kwalokho | | | |
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** _______________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** _________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**____________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** _________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** _______________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| | FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
| | PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda __________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa __________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** | | | |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga__________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo___________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba__________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo__________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ______________ njalo ebusuku.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | | | | |
| kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | |
|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | | | |
| ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

| ULWESIBILI UMSEBENZI 1 | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**_____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**_____________________. | | | |

| ULWESIBILI UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 1 | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ekhaya kudayiswa <u>amanqina</u> enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda <u>amanqina</u> aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe <u>lamanqina</u>. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama <u>ngenqola</u> yakhe bahambe baye emakethe bayothenga <u>lawomanqina</u>. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa <u>ngenqola</u> yakhe. Ibhizinisi lokudayisa <u>amanqina</u> liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Yini edayiswa uMama?<br>uMama udayisa ______________________.<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>uBaba uthutha umama nge_________________.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESITHATHU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala umusho ngo: inqina<br>Bhala umbuzo ngo: inqola</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwento</td><td>kusukela</td><td>kuthe</td><td>yingani</td><td>kamuva</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>inkanyezi</td><td>inkani</td><td>inkinobho</td><td colspan="2">inkosi</td></tr>
<tr><td>inqola</td><td>inqina</td><td>inqaba</td><td colspan="2">nqoba</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'</td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e__________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |
| | FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**





uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA** — Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo_________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | | |
| | insimu | insika | insila | izinsuku | | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | amanzi | inzila | inzika | | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ________________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ____________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la____________________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i________________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_____________________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

# ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1

# IVIKI 10

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu | |
| **FUNDA** | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. | | | | |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i___________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **__________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona <u>amahhashi</u>, <u>amahhoko</u> ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona <u>ihholo</u> elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike <u>ihhala</u> ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze <u>ihhoko</u> Kanye <u>nehholo.</u></td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubaba uthenge ini?<br>Ubaba uthenge ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>Epulazini kukhona ______________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ihholo<br>Bhala umbuzo ngo: ihhashi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwasho</td><td>kwenzekani</td><td>ngenkathi</td><td>kwakhe</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
<tr><td>isidlakela</td><td>wawuvame</td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubhuti wami <u>uyisidlakela</u> sensizwa <u>edlala</u> <u>umdlalo</u> wamanqindi. Njengoba <u>emngumdlali</u> wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla <u>ukudla</u> okunomsoco. Uma <u>edlula</u> emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu <u>abanodlame</u> abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi <u>udlame</u> into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa <u>ukudla</u> okunempilo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>uBhuti udlala _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>uBhuti udla ukudla ____________.</td></tr>
</table>


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | | ihhoko | ihhashi |
| | | dlala | ukudla | | udlame | dlula |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla**<br>**kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye.

**BHALA**

1. Ubonani usisi?
   **uSisi ubona** ___________.
2. Inani imbiza?
   **Imbiza ine** ________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihlobo
Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima ___________no ______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA U MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana ________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya __________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi____________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona ________________ne __________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**________________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** | | | |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila | |
| | angazi | oluthile | | | |
| **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. | | | | |
| **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i … kanye … amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td><br>uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo.</td></tr>
<tr><td colspan="3">ULWESINE UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td>1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.</td></tr>
<tr><td colspan="3">ULWESIHLANU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda wonke bese amagama futhi.</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine.</td></tr>
<tr><td colspan="3">ULWESIHLANU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda wonke bese amagama futhi.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td>Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye</td></tr>
</table>

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. |
| **BHALA** | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | entathakusa | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | izinsuku | ngokuthi | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila | | | | |
| **ULWESINE UMSEBENZI 1** | | | | | | |
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku | |
| | **FUNDA** |  uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela. | | | | |
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | | | | | |
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. | | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?<br>**U________________ owayesanda kuqala esikoleni.**<br>2. Ubani igama likasisi kaNtsako?<br>**Igama likasisi kaNtsako u__________________.**<br>3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?<br>**Kwakuwusuku lo________________.**<br>4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?<br>**uFanisa wayesaba kakhulu ngoba________________.**<br>5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?<br>**uNtsako wafika nga__________________.** | | | | |

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 1 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | inyanga | | | |

**FUNDA**

uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile.

**BHALA**

1. Obani ababeya esikoleni?
   **u__________ no_______ababeya esikoleni.**
2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?
   **Bahlangana ne__________.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inyama
Bhala **umbuzo** ngo: nyathela

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

**FUNDA**

Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**_________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_______________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ________________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ____________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i______________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba___________________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | <u>Inyama</u> ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo <u>zenyama</u> ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye <u>inyama</u> ekhona <u>inyama</u> emhlophe leyo <u>inyama</u> efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. <u>Inyama</u> iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama <u>yenyoka</u> Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba <u>inyama</u> yakhona. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | <u>Inzila</u> izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka <u>inzila</u> nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho <u>inzila</u> ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo <u>inzila</u> engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| | **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>__________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | |
|---|---|
| **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne_________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma | |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila | |
| | FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda <u>ukukhuluma.</u> Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala <u>zikhulumele</u> phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani <u>abakhulumayo</u> bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada <u>abakhulumayo</u> uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha <u>bayakhala</u> ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. | | | | |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | <u>Iphupho</u> lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi <u>amaphupho</u> akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (eye) kanye (lips) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | isidlakela | wawuvame | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye.

**BHALA**

1. Ubonani usisi?
   **uSisi ubona** ___________.
2. Inani imbiza?
   **Imbiza ine** ________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihlobo
Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo_______________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana _________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya __________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi______________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona _________________ne ___________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba __________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ___________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka_____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>_________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ___________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** | | | |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi l. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi l. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu <u>injoloba</u>. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise <u>injoloba</u> kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo <u>injoloba</u> uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki <u>injoloba,</u> <u>njengoba</u> wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa <u>injoloba.</u> |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <br>uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |
| | PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila | |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba | |
| | FUNDA | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| | FUNDA | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |
| | **FUNDA** | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| | **FUNDA** | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

<table>
<tr><td></td><td></td><td colspan="5">ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Unani umama?<br>Umama u__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>Ubaba usika i_________________.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESITHATHU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala umusho ngo: umuhlwa<br>Bhala umbuzo ngo: lahlwa</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kanye</td><td>sethu</td><td>nawe</td><td>onayo</td><td>leli</td></tr>
<tr><td></td><td>PHIMISA UMSINDO</td><td colspan="5">nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka<br>amanzi | inzila | inzika</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.</td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu**<br>**la______________________________________________________**<br>**ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i____________________________**<br>**ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa**<br>**ngoba________________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi | |
| PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | | |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu | | |

**FUNDA**

Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: nyonyoba
Bhala **umbuzo** ngo: nzulu

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i___________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **__________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne___________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma | |
| | phuza | phepha | iphupho | phila | |
| FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. | | | | |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ____________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ________________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** ________________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** _____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |



**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
|  | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** _____________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla**<br>**kwakusihlwa**_________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | | |

**FUNDA**

Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihhoko
Bhala **umbuzo** ngo: ukudla

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | ihleza | kwalokho | | |
| | **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |
| | | kloba | kwalokho | | |
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**_______________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** __________**no** _____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**____________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** __________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Sinezinkathi zonyaka ezine. <u>Ihlobo,</u> ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. <u>Ihlobo</u> Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha <u>izihlalo</u> ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma <u>kuyihlobo</u>, sizifakela amahembe wodwa. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe <u>ayosiklelisa</u> engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana <u>neklabishi</u>. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane <u>waklabalasa</u> esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe <u>amaklabishi,</u> siyonika omama abapheka ekhishini. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda** __________________.<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka**____________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa** __________________ **ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ________________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku______________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e___________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i________________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ________________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| | **BHALA** | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ____________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo | |
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | | |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba | | |

**FUNDA**

uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe______________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba______________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga_____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U____________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u______________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo____________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba____________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga______________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | insimu | insika | insila | izinsuku | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| **FUNDA** | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| ULWESINE UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu**<br>**la____________________________________________________**<br>**ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________**<br>**ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa**<br>**ngoba______________________________________________.** |

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 1 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu | |
| | FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i____________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>____________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _______________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne_________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| | FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubaba uthenge ini?<br>Ubaba uthenge ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>Epulazini kukhona ______________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i [eye] kanye [mouth] amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ihholo<br>Bhala umbuzo ngo: ihhashi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwasho</td><td>kwenzekani</td><td>ngenkathi</td><td>kwakhe</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
<tr><td>isidlakela</td><td>wawuvame</td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>uBhuti udlala _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>uBhuti udla ukudla ____________.</td></tr>
</table>


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla**<br>**kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |
| **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ____________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** _________________. | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |
| **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no ______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana ________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya _________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi_____________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona ________________ne ___________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. | | | | |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda __________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa __________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila | |
| | angazi | oluthile | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. |
| **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ______________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ______________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | FUNDA | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | BHALA | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**________________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**________________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | PHIMISA UMSINDO | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Yini edayiswa uMama?<br>uMama udayisa ______________________.<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>uBaba uthutha umama nge_________________.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESITHATHU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala umusho ngo: inqina<br>Bhala umbuzo ngo: inqola</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwento</td><td>kusukela</td><td>kuthe</td><td>yingani</td><td>kamuva</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>inkanyezi</td><td>inkani</td><td>inkinobho</td><td colspan="2">inkosi</td></tr>
<tr><td>inqola</td><td>inqina</td><td>inqaba</td><td colspan="2">nqoba</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'</td></tr>
</table>

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

<table>
<tr><td></td><td></td><td colspan="5">Bhala umusho ngo: insimu<br>Bhala umbuzo ngo: insila</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kuqala</td><td>yedwa</td><td>ngokuthi</td><td>kuphela</td><td>kwabo</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>intuthu</td><td>izinti</td><td>izintonga</td><td colspan="2">umuntu</td></tr>
<tr><td>insimu</td><td>insika</td><td>insila</td><td colspan="2">izinsuku</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?<br>U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.<br>2. Ubani igama likasisi kaNtsako?<br>Igama likasisi kaNtsako u____________________.<br>3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?<br>Kwakuwusuku lo_________________.<br>4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?<br>uFanisa wayesaba kakhulu ngoba________________.<br>5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?<br>uNtsako wafika nga____________________.</td></tr>
</table>

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 1 | | |
|---|---|---|
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | inyanga | | | | |

**FUNDA**

uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile.

**BHALA**

1. Obani ababeya esikoleni?
   **u__________ no_______ababeya esikoleni.**
2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?
   **Bahlangana ne__________.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inyama
Bhala **umbuzo** ngo: nyathela

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo | |

**FUNDA**

Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u__________________.**<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ____________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la____________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i_____________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba___________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| | FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i____________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **____________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo | |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma | |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila | |
| | **FUNDA** | Izingane zasekilasini lami ziyathanda <u>ukukhuluma.</u> Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala <u>zikhulumele</u> phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani <u>abakhulumayo</u> bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada <u>abakhulumayo</u> uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha <u>bayakhala</u> ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. | | | | |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **FUNDA** | <u>Iphupho</u> lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi <u>amaphupho</u> akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubaba uthenge ini?<br>Ubaba uthenge ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>Epulazini kukhona ______________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ihholo<br>Bhala umbuzo ngo: ihhashi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwasho</td><td>kwenzekani</td><td>ngenkathi</td><td>kwakhe</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
<tr><td>isidlakela</td><td>wawuvame</td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>uBhuti udlala _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>uBhuti udla ukudla ____________.</td></tr>
</table>


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

<table>
<tr><td colspan="3">ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA<br>ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1</td><td>IVIKI 4</td></tr>
<tr><td colspan="4">UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td colspan="2">konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho</td></tr>
<tr><td></td><td>PHIMISA UMSINDO</td><td colspan="2">ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi<br>dlala | ukudla | udlame | dlula</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="2">Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="2">Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.</td></tr>
<tr><td colspan="4">UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="2">Funda bese amagama avela kumsebenzi I.</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="2">uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="2">Bhala umusho ngo: ihhoko<br>Bhala umbuzo ngo: ukudla</td></tr>
</table>

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | ihleza | kwalokho | | |
| **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | |
| **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |
| | kloba | kwalokho | | |
| **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**________________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** __________**no** ______________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**______________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** ____________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Sinezinkathi zonyaka ezine. <u>Ihlobo,</u> ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. <u>Ihlobo</u> Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha <u>izihlalo</u> ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma <u>kuyihlobo</u>, sizifakela amahembe wodwa. |
| **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi l. |
| **FUNDA** | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe <u>ayosiklelisa</u> engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana <u>neklabishi</u>. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane <u>waklabalasa</u> esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe <u>amaklabishi,</u> siyonika omama abapheka ekhishini. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| BHALA | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ___________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | indiza | indingiliza | | indima |
| | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| BHALA | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**________________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa __________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ______________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ______________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 7

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa <u>amanqina</u> enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda <u>amanqina</u> aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe <u>lamanqina</u>. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama <u>ngenqola</u> yakhe bahambe baye emakethe bayothenga <u>lawomanqina</u>. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa <u>ngenqola</u> yakhe. Ibhizinisi lokudayisa <u>amanqina</u> liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (bona) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (bona) amagama bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U_________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u___________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo_________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba_________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga___________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | insimu | insika | insila | izinsuku | |
| **FUNDA** | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. | | | | |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | inyanga | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ____________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i_________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba__________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu | |
| | FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | |
|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho \| elikhulu \| kwenye \| ngalinye \| yimi |
| **PHIMISA UMSINDO** | incence \| indiza \| ingane \| injabulo<br>inkanyezi \| inqola \| intuthu \| insimu |
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>___________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | |
|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho \| elikhulu \| kwenye \| ngalinye \| yimi |
| **PHIMISA UMSINDO** | incence \| indiza \| ingane \| injabulo<br>inkanyezi \| inqola \| intuthu \| insimu |
| **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | |
|---|---|
| **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| | **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **FUNDA** | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ____________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ________________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (iso) kanye (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _________________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ______________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** _____________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla**<br>**kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni <u>ehholweni</u> lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa <u>amahhala,</u> umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga <u>ihhala</u> ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila <u>badlala</u> emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho <u>bedlalela</u> khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho <u>bebedlala</u> khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile <u>ukudla</u> umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni <u>odlula</u> izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane <u>zingadlali</u> emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |
| FUNDA | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| BHALA | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ____________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i [eye] kanye [mouth] amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |
| FUNDA | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana ________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya __________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi____________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona ________________ne __________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 5

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka__________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>______________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |
|---|---|---|---|---|---|

| **PHIMISA UMSINDO** | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba___________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| BHALA | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| | **FUNDA** | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!' uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U___________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 1 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | | |
| | insimu | insika | insila | izinsuku | | |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo <u>intuthu</u>. <u>Intuthu</u> yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu <u>omuntu</u>. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo <u>lentuthu.</u> Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba <u>intuthu</u> yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu <u>enensila,</u> ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke <u>izinsuku.</u> Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane <u>eyayinensila</u> emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi <u>unensila.</u> Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo <u>insila,</u> nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | amanzi | inzila | inzika | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la_____________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_______________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

**FUNDA**

Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: nyonyoba
Bhala **umbuzo** ngo: nzulu

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| BHALA | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>__________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 3

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge ___________________.**<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona ______________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala _______________.**<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla ____________.** |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |
| **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ____________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** _________________. | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |
| **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**________________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** ___________ **no** ______________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA U MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ______________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** ________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**_________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** _______________**ne** ______________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** _____________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. <u>Ihlobo,</u> ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. <u>Ihlobo</u> Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha <u>izihlalo</u> ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma <u>kuyihlobo</u>, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe <u>ayosiklelisa</u> engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana <u>neklabishi</u>. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane <u>waklabalasa</u> esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe <u>amaklabishi,</u> siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka__________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**______________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

<table>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td>1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>Wayezilolonga___________________.<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>Wayethanda umsindo____________.<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>uZodwa wayengenazo___________________.</td></tr>
<tr><td colspan="3">ULWESIHLANU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda wonke bese amagama futhi.</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine.</td></tr>
<tr><td colspan="3">ULWESIHLANU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda wonke bese amagama futhi.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td>Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima</td></tr>
</table>

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ______________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ______________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ________________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku______________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e___________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i________________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ________________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

<table>
<tr><td>BUKA USHO</td><td colspan="4">kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva</td></tr>
<tr><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>ingane</td><td>ingoma</td><td>ingilazi</td><td>ingingila</td></tr>
<tr><td>injabulo</td><td>injinga</td><td>njalo</td><td>injoloba</td></tr>
<tr><td>FUNDA</td><td colspan="4">Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.</td></tr>
</table>

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

<table>
<tr><td>FUNDA</td><td>Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I</td></tr>
<tr><td>FUNDA</td><td>Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td>Bhala umusho ngo: ingingila<br>Bhala umbuzo ngo: injinga</td></tr>
</table>

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**________________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i [eye icon] kanye [mouth icon] amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e_________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge**_______________.<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe**______________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba**______________.<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga**____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.



## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo_________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba_________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 1 | | |
|---|---|---|
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | inyanga | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>u__________ no_______**ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne**__________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | amanzi | inzila | inzika | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye _________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu**<br>**la____________________________________________________**<br>**ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________**<br>**ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa**<br>**ngoba______________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | <u>Inyama</u> ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo <u>zenyama</u> ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye <u>inyama</u> ekhona <u>inyama</u> emhlophe leyo <u>inyama</u> efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. <u>Inyama</u> iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama <u>yenyoka</u> Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba <u>inyama</u> yakhona. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | <u>Inzila</u> izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka <u>inzila</u> nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho <u>inzila</u> ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo <u>inzila</u> engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| | **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>__________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo | |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu | |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** _______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

**FUNDA**

Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihhoko
Bhala **umbuzo** ngo: ukudla

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | | ihleza | kwalokho | | | |
| | **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi? **uSisi ubona** ___________. 2. Inani imbiza? **Imbiza ine** ______________. | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | | kloba | kwalokho | | | |
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**_______________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** __________**no** _____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**______________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** __________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimililе. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | BHALA | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka__________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | PHIMISA UMSINDO | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | BHALA | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**______________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (buka) amagama bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba___________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ______________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ______________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala  bese  amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda  bese  amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e_________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha esasinezinkinobho ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke izinkinobho zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele izinkinobho zesikibha sikaSicelo. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga <u>kuyintathakusa,</u> kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi <u>ngentathakusa</u>. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe <u>izinti</u> ezazishunqa <u>intuthu</u> sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi <u>umuntu</u> odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (amehlo) kanye (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela <u>insimu</u> kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela <u>insimu</u>, <u>izinsuku</u> zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi <u>izinsimu</u> zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino <u>zezinsimu</u> zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga__________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (amehlo) bese (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (amehlo) amagama bese (umlomo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba_________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala [buka] bese [phimisa] amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda [buka] bese [phimisa] amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**_________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>Igama lomfana u ______________________.<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>Izimuzimu<br>la__________________________________________________<br>ngenkathi ubaba kaJack eshona.<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________<br>ukuze bakwazi ukudla.<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>uJack nomama wakhe babeyidayisa<br>ngoba_____________________________________________. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i____________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **____________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo | |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu | |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma | |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila | |
| | FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona <u>amahhashi</u>, <u>amahhoko</u> ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona <u>ihholo</u> elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike <u>ihhala</u> ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze <u>ihhoko</u> Kanye <u>nehholo.</u> |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** _______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami <u>uyisidlakela</u> sensizwa <u>edlala</u> <u>umdlalo</u> wamanqindi. Njengoba <u>emngumdlali</u> wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla <u>ukudla</u> okunomsoco. Uma <u>edlula</u> emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu <u>abanodlame</u> abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi <u>udlame</u> into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa <u>ukudla</u> okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** _______________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

<table>
<tr><td rowspan="1"></td><td>BUKA USHO</td><td>konke</td><td>ngakho</td><td>kanye</td><td>kwaze</td><td>kwalokho</td></tr>
</table>

<table>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>ihhala</td><td>ihholo</td><td>ihhoko</td><td>ihhashi</td></tr>
<tr><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye.

**BHALA**

1. Ubonani usisi?
   **uSisi ubona** ___________.
2. Inani imbiza?
   **Imbiza ine** ________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihlobo
Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**________________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** __________**no** ______________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |



**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
|  | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** _________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**______________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** _________________**ne** ___________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ___________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimililе. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| **BHALA** | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**________________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1


**BUKA USHO**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

**PHIMISA UMSINDO**

| | | | |
|---|---|---|---|
| incence | ncoma | ncela | nceku |
| indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku | |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba | |
| | **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda <u>ukusincoma</u> uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu <u>ezosincoma.</u> Uthisha <u>akasincomi</u> kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu <u>zezincomo.</u> Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga <u>wasincoma</u> kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. | | | | |
| | **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami <u>ngendiza</u>. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona <u>ezindabeni</u> kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami <u>ngalezizindaba</u> engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa <u>ezezindiza</u> azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni <u>sezindiza</u> ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi <u>kwendiza</u> ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ______________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ______________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ______________ njalo ebusuku.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |
|---|---|---|---|---|---|

| PHIMISA UMSINDO | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i [eye icon] kanye [mouth icon] amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e__________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha esasinezinkinobho ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke izinkinobho zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele izinkinobho zesikibha sikaSicelo. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile? **Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.** 2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe? **Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi? **Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.** 2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani **Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!' uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.



## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 9

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | | |
| | insimu | insika | insila | izinsuku | | |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo <u>intuthu</u>. <u>Intuthu</u> yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu <u>omuntu</u>. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo <u>lentuthu.</u> Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba <u>intuthu</u> yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu <u>enensila,</u> ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke <u>izinsuku.</u> Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane <u>eyayinensila</u> emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi <u>unensila.</u> Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo <u>insila,</u> nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | inyanga | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u__________________.**<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la__________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_____________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la.  Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i_____________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>____________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i [buka usho] kanye [phimisa umsindo] amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** _______________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** _____________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye.

**BHALA**

1. Ubonani usisi?
   **uSisi ubona** ___________.
2. Inani imbiza?
   **Imbiza ine** ________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i [BUKA USHO] kanye [PHIMISA UMSINDO] amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihlobo
Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**______________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** __________**no** ____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** _________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** ___________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**______________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** _________________**ne** ___________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** __________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso | |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | | |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | | |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. <u>Ihlobo,</u> ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. <u>Ihlobo</u> Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha <u>izihlalo</u> ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma <u>kuyihlobo</u>, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe <u>ayosiklelisa</u> engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana <u>neklabishi</u>. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane <u>waklabalasa</u> esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe <u>amaklabishi,</u> siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka__________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**______________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |
| **ULWESINE UMSEBENZI 1** | | |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA<br>ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (bona) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (bona) amagama bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e_________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |
| | FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

<table>
<tr><td></td><td></td><td colspan="5">Bhala umusho ngo: insimu<br>Bhala umbuzo ngo: insila</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kuqala</td><td>yedwa</td><td>ngokuthi</td><td>kuphela</td><td>kwabo</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>intuthu</td><td>izinti</td><td>izintonga</td><td colspan="2">umuntu</td></tr>
<tr><td>insimu</td><td>insika</td><td>insila</td><td colspan="2">izinsuku</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?<br>U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.<br>2. Ubani igama likasisi kaNtsako?<br>Igama likasisi kaNtsako u__________________.<br>3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?<br>Kwakuwusuku lo________________.<br>4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?<br>uFanisa wayesaba kakhulu ngoba________________.<br>5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?<br>uNtsako wafika nga__________________.</td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo <u>intuthu</u>. <u>Intuthu</u> yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu <u>omuntu</u>. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo <u>lentuthu.</u> Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba <u>intuthu</u> yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu <u>enensila,</u> ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke <u>izinsuku.</u> Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane <u>eyayinensila</u> emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi <u>unensila.</u> Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo <u>insila,</u> nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

| **ULWESIBILI UMSEBENZI 1** | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**__________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda  bese  amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ________________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ____________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la______________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i_____________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba__________________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| | **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **FUNDA** | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i___________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **__________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala (buka) amagama bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |




**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
|  | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma | |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila | |
| | FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. | | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** _______________________. |
| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | kwasho<br>kwenzekani<br>ngenkathi<br>kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala<br>ukudla<br>udlame<br>dlula<br>isidlakela<br>wawuvame |
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | ihleza | kwalokho | | |
| | **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ____________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** _________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |
| | | kloba | kwalokho | | |
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**_______________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** __________**no** _____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana __________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya ___________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi_______________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona _________________ne ____________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ___________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 5

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ithandani ingane encane?<br>Ingane encane ithanda __________________.<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>Umama uvuka____________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ncela<br>Bhala umbuzo ngo: ncoma</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>ngayo</td><td>indandatho</td><td>lapha</td><td>kuso</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>indiza</td><td>indingiliza</td><td></td><td>indima</td></tr>
<tr><td colspan="4">izindaba | ngasosonke | kunabo</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>_______________owayezoshada maduzane.<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>Basebenzisa _________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.</td></tr>
</table>

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda <u>ukusincoma</u> uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu <u>ezosincoma.</u> Uthisha <u>akasincomi</u> kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu <u>zezincomo.</u> Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga <u>wasincoma</u> kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami <u>ngendiza</u>. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona <u>ezindabeni</u> kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami <u>ngalezizindaba</u> engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa <u>ezezindiza</u> azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni <u>sezindiza</u> ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi <u>kwendiza</u> ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha ____________________.**<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>**__________ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** _____________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** _____________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA<br>ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ____________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge________________.** |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |
| **ULWESINE UMSEBENZI 1** | | |

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e_________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha esasinezinkinobho ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke izinkinobho zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele izinkinobho zesikibha sikaSicelo. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_____________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

<table>
<tr><td></td><td></td><td colspan="5">Bhala umusho ngo: insimu<br>Bhala umbuzo ngo: insila</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kuqala</td><td>yedwa</td><td>ngokuthi</td><td>kuphela</td><td>kwabo</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>intuthu</td><td>izinti</td><td>izintonga</td><td colspan="2">umuntu</td></tr>
<tr><td>insimu</td><td>insika</td><td>insila</td><td colspan="2">izinsuku</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"> uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!' uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?<br>U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.<br>2. Ubani igama likasisi kaNtsako?<br>Igama likasisi kaNtsako u____________________.<br>3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?<br>Kwakuwusuku lo_________________.<br>4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?<br>uFanisa wayesaba kakhulu ngoba________________.<br>5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?<br>uNtsako wafika nga____________________.</td></tr>
</table>

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo <u>intuthu</u>. <u>Intuthu</u> yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu <u>omuntu</u>. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo <u>lentuthu.</u> Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba <u>intuthu</u> yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| | FUNDA | Akubukeki uma umuntu <u>enensila,</u> ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke <u>izinsuku.</u> Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane <u>eyayinensila</u> emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi <u>unensila.</u> Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo <u>insila,</u> nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>u__________ no_______**ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne**__________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u__________________.**<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u _______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ___________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la________________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i______________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba________________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

**FUNDA**

Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: nyonyoba
Bhala **umbuzo** ngo: nzulu

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i____________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **___________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (BUKA USHO) kanye (PHIMISA UMSINDO) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo | |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu | |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubaba uthenge ini?<br>Ubaba uthenge ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>Epulazini kukhona ______________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i  kanye  amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ihholo<br>Bhala umbuzo ngo: ihhashi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwasho</td><td>kwenzekani</td><td>ngenkathi</td><td>kwakhe</td></tr>
<tr><td></td><td>PHIMISA UMSINDO</td><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
<tr><td></td><td></td><td>isidlakela</td><td>wawuvame</td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>uBhuti udlala _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>uBhuti udla ukudla ____________.</td></tr>
</table>


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** _______________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ______________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 4

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

<table>
<tr><td>BUKA USHO</td><td>konke</td><td>ngakho</td><td>kanye</td><td>kwaze</td><td>kwalokho</td></tr>
<tr><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>ihhala</td><td>ihholo</td><td>ihhoko</td><td colspan="2">ihhashi</td></tr>
<tr><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td colspan="2">dlula</td></tr>
<tr><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni <u>ehholweni</u> lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa <u>amahhala,</u> umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga <u>ihhala</u> ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.</td></tr>
</table>

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

<table>
<tr><td>FUNDA</td><td>Funda bese amagama avela kumsebenzi I.</td></tr>
<tr><td>FUNDA</td><td>uBongi nomngane wakhe uPhila <u>badlala</u> emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho <u>bedlalela</u> khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho <u>bebedlala</u> khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile <u>ukudla</u> umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni <u>odlula </u>izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane <u>zingadlali</u> emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td>Bhala umusho ngo: ihhoko<br>Bhala umbuzo ngo: ukudla</td></tr>
</table>

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. |
| **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** _______________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo_______________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (buka usho) amagama bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**_____________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** __________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |
|---|---|---|---|---|---|

| PHIMISA UMSINDO | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
|---|---|---|---|---|

| PHIMISA UMSINDO | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda __________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |
| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | ngayo \| indandatho \| lapha \| kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza \| indingiliza \| \| indima<br>izindaba \| ngasosonke \| kunabo |
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>_________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ___________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga__________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba___________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| | **BHALA** | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| | **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** __________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise? **uThisha akathandi ukuthi basebenzise _____________.** 2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi? **Injoloba _____________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. Bhala **umusho** ngo: injabulo Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |
|---|---|---|---|---|---|

| PHIMISA UMSINDO | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa** ______________________.<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**

uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inkinobho
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**





uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u___________________.**<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (iso) bese (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (iso) amagama bese (umlomo) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye _________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la__________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i__________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba____________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

<table>
<tr><td colspan="2">ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1</td><td colspan="5">IVIKI 10</td></tr>
<tr><td colspan="7">UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>ngalapho</td><td>elikhulu</td><td>kwenye</td><td>ngalinye</td><td>yimi</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>nyathela</td><td>nyonyoba</td><td>inyama</td><td colspan="2">inyoka</td></tr>
<tr><td>amanzi</td><td>inzila</td><td>inzika</td><td colspan="2">nzulu</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.</td></tr>
<tr><td colspan="7">UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda bese amagama avela kumsebenzi I.</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala umusho ngo: nyonyoba<br>Bhala umbuzo ngo: nzulu</td></tr>
</table>

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i___________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   **__________ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (BUKA USHO) kanye (PHIMISA UMSINDO) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |
| FUNDA | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| BHALA | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** _______________. | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |
| FUNDA | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana ________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya _________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi_____________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona ________________ne ___________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Sinezinkathi zonyaka ezine. <u>Ihlobo,</u> ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. <u>Ihlobo</u> Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha <u>izihlalo</u> ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma <u>kuyihlobo</u>, sizifakela amahembe wodwa. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **FUNDA** | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe <u>ayosiklelisa</u> engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana <u>neklabishi</u>. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane <u>waklabalasa</u> esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe <u>amaklabishi,</u> siyonika omama abapheka ekhishini. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda __________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa __________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba___________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | angazi | oluthile | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. |
| **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ____________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ____________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| **BHALA** | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**





uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U____________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u______________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo____________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba____________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga______________________.**

| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|---|---|---|
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| | FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | inyanga | | | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| BHALA | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a [eye] bese [mouth] amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala [eye] amagama bese [mouth] amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la__________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_____________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| BHALA | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>**__________ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i [eye] kanye [mouth] amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| | |
|---|---|
| **ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1** | **IVIKI 3** |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| | **BHALA** | Bhala  bese  amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda  bese  amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (iso) kanye (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** _______________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** _____________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye.

**BHALA**

1. Ubonani usisi?
   **uSisi ubona** ____________.
2. Inani imbiza?
   **Imbiza ine** _________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihlobo
Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |

**FUNDA**

Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha leliklobа lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla.

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana _________________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya ___________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi_______________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona _________________ne ___________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba __________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimililе. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda __________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>_________________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ___________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | # IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku | |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba | |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |

**FUNDA**

Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile.

**BHALA**

1. Ubewashani umama izolo?
   **Izolo umama ubewasha** ____________________.
2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?
   ________**ngenkathi esawasha izingubo.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingoma
Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| | BHALA | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi I |
| | FUNDA | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |

**FUNDA**

Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile.

**BHALA**

1. Yini lena efuywe umalume?
   **UMalume ufuye**______________________.
2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?
   **uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inkani
Bhala **umbuzo** ngo: inkosi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| | |
|---|---|
| **ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1** | **IVIKI 8** |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | | |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba | | |
| | **FUNDA** | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | | |
| | **BHALA** | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga___________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U___________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u___________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo_________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba_________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga___________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama ukunyonyoba, benyathela kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona inyoka idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi inyoka izobezwa bese iyabaluma. Yadlula inyoka inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>u__________ no_______**ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Amanzi abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi amanzi ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

<table>
<tr><td></td><td></td><td colspan="5">ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Unani umama?<br>Umama u__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>Ubaba usika i________________.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESITHATHU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala umusho ngo: umuhlwa<br>Bhala umbuzo ngo: lahlwa</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kanye</td><td>sethu</td><td>nawe</td><td>onayo</td><td>leli</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>nyathela</td><td>nyonyoba</td><td>inyama</td><td colspan="2">inyoka</td></tr>
<tr><td>amanzi</td><td>inzila</td><td>inzika</td><td colspan="2"></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.</td></tr>
</table>

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la___________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i____________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_____________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| BHALA | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i____________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>**____________ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne___________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Izingane zasekilasini lami ziyathanda <u>ukukhuluma.</u> Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala <u>zikhulumele</u> phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani <u>abakhulumayo</u> bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada <u>abakhulumayo</u> uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha <u>bayakhala</u> ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| FUNDA | <u>Iphupho</u> lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi <u>amaphupho</u> akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: iphupho<br>Bhala **umbuzo** ngo: phuza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** _______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (eye) kanye (mouth) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** ________________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** _____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula | |
| FUNDA | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. | | | | |
| BHALA | Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | | ihleza | kwalokho | | | |
| | **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i [eye] kanye [lips] amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | | kloba | kwalokho | | | |
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo_______________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** __________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** ___________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**_______________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** _________________**ne** ____________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ___________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ___________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka____________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>**_________________owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ___________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| | **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
|  | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu <u>injoloba</u>. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise <u>injoloba</u> kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo <u>injoloba</u> uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki <u>injoloba,</u> <u>njengoba</u> wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa <u>injoloba.</u> |
|  | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** ______________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** ______________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
|  | **FUNDA** | Funda a  bese  amagama avela kumsebenzi 1. |
|  | **BHALA** | Bhala  amagama bese  amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
|  | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
|  | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <br>uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva | |
| PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila | | |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba | | |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inkomo | kusukela | | |

**FUNDA**

Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile.

**BHALA**

1. Yini lena efuywe umalume?
   **UMalume ufuye**______________________.
2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?
   **uMalume wanika inkosi izinkomo**_______________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inkani
Bhala **umbuzo** ngo: inkosi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!' |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e__________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**

uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inkinobho
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | entathakusa | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | amanzi | inzila | inzika | | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la_____________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba_______________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi | |
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | | |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu | | |

**FUNDA**

Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: nyonyoba
Bhala **umbuzo** ngo: nzulu

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| | **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>__________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u_________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne_________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |


| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubaba uthenge ini?<br>Ubaba uthenge ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>Epulazini kukhona ______________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ihholo<br>Bhala umbuzo ngo: ihhashi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwasho</td><td>kwenzekani</td><td>ngenkathi</td><td>kwakhe</td></tr>
<tr><td></td><td>PHIMISA UMSINDO</td><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
<tr><td></td><td></td><td>isidlakela</td><td>wawuvame</td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>uBhuti udlala _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>uBhuti udla ukudla ____________.</td></tr>
</table>

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

| ULWESINE UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

| ULWESINE UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | | IVIKI 4 |
|---|---|---|
| **UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | konke · ngakho · kanye · kwaze · kwalokho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala · ihholo · ihhoko · ihhashi<br>dlala · ukudla · udlame · dlula |
| | **FUNDA** | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| | **BHALA** | Bhala … bese … amagama kwisichazamazwi sakho. |
| **UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda … bese … amagama avela kumsebenzi I. |
| | **FUNDA** | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

| ULWESIBILI UMSEBENZI 1 | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba | |
| | ihleza | kwalokho | | | |
| FUNDA | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. | | | | |
| BHALA | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** _______________. | | | | |

| ULWESIBILI UMSEBENZI 2 | |
|---|---|
| FUNDA | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 1 | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | |
| PHIMISA UMSINDO | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba | |
| | kloba | kwalokho | | | |
| FUNDA | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**______________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** ___________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |
| | PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | | ncane | ngasosonke | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka__________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>______________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |



**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
|  | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba___________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo <u>zezingane</u> Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela <u>izingane</u> zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka <u>kwengilazi</u>. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela <u>ezingilazi</u> eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala <u>izingilazi</u> liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela <u>izingane</u> ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu <u>zezingilazi</u> ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** _____________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** _____________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila | |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 7

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

**FUNDA**

Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingingila
Bhala **umbuzo** ngo: injinga

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye <u>izinkomo</u> eziningi. <u>Unezinkomo</u> zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. <u>Izinkomo</u> zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe <u>zinenkani</u> azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe <u>inkosi</u> yasendaweni yakithi <u>izinkomo</u> ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba <u>inkosi</u> iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**____________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**____________________. | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ekhaya kudayiswa <u>amanqina</u> enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda <u>amanqina</u> aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe <u>lamanqina</u>. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama <u>ngenqola</u> yakhe bahambe baye emakethe bayothenga <u>lawomanqina</u>. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa <u>ngenqola</u> yakhe. Ibhizinisi lokudayisa <u>amanqina</u> liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Yini edayiswa uMama?<br>uMama udayisa ______________________.<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>uBaba uthutha umama nge_________________.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESITHATHU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala umusho ngo: inqina<br>Bhala umbuzo ngo: inqola</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESINE UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwento</td><td>kusukela</td><td>kuthe</td><td>yingani</td><td>kamuva</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSIND O</td><td>inkanyezi</td><td>inkani</td><td>inkinobho</td><td colspan="2">inkosi</td></tr>
<tr><td>inqola</td><td>inqina</td><td>inqaba</td><td colspan="2">nqoba</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5"><br>Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'</td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba | |
| | **FUNDA** | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha esasinezinkinobho ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke izinkinobho zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele izinkinobho zesikibha sikaSicelo. | | | | |
| | **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | | entathakusa | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| | **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| | **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | | izinsuku | ngokuthi | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| | **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | | insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**





uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | | |
| | insimu | insika | insila | izinsuku | | |

**FUNDA**

Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: izinsuku
Bhala **umbuzo** ngo: insika

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka | |
| | | inyanga | | | | |
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. | | | | |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** | | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**_________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ____________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la______________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i_______________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba___________________________________________________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

**FUNDA**

Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: nyonyoba
Bhala **umbuzo** ngo: nzulu

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i___________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>__________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i [BUKA USHO] kanye [PHIMISA UMSINDO] amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**



uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e _____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne___________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

**ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1**

# IVIKI 3

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Ubaba uthenge ini?<br>Ubaba uthenge ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>Epulazini kukhona ______________________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: ihholo<br>Bhala umbuzo ngo: ihhashi</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kwasho</td><td>kwenzekani</td><td>ngenkathi</td><td>kwakhe</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>dlala</td><td>ukudla</td><td>udlame</td><td>dlula</td></tr>
<tr><td>isidlakela</td><td>wawuvame</td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>uBhuti udlala _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>uBhuti udla ukudla ____________.</td></tr>
</table>

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla kwakusihlwa**________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

**FUNDA**

Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I.

**FUNDA**

uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ihhoko
Bhala **umbuzo** ngo: ukudla

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | ihleza | kwalokho | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Njalo ehlobo silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe isihlalo agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye sihlube amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi uyahlafuna uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu ihleza lilinye. |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ___________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |
| | | kloba | kwalokho | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona ngekloba lomlilo liphuma khona. Kuthe umama ekloba kahle wabona ngabantu sebeklele ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha lelikloba lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo________________________.**<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima __________no _____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (iso) bese (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (iso) amagama bese (umlomo) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda (iso) bese (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | BHALA | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana _______________________.**<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya _________________.**<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi_____________________________.**<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona ________________ne ___________________________.**<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba ________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | FUNDA | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | FUNDA | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | FUNDA | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | BHALA | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**

Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: hlafuna
Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | ncane | ngasosonke | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="12">Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="12">1. Ithandani ingane encane?<br>Ingane encane ithanda ________________.<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>Umama uvuka__________________.</td></tr>
<tr><td colspan="14">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="12">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="12">Bhala umusho ngo: ncela<br>Bhala umbuzo ngo: ncoma</td></tr>
<tr><td colspan="14">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td colspan="3">ngayo</td><td colspan="3">indandatho</td><td colspan="3">lapha</td><td colspan="3">kuso</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td colspan="3">indiza</td><td colspan="3">indingiliza</td><td colspan="3"></td><td colspan="3">indima</td></tr>
<tr><td colspan="4">izindaba</td><td colspan="4">ngasosonke</td><td colspan="4">kunabo</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="12">Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="12">1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>_______________owayezoshada maduzane.<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>Basebenzisa _________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.</td></tr>
</table>

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba____________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uthisha wethu uyathanda <u>ukusincoma</u> uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu <u>ezosincoma.</u> Uthisha <u>akasincomi</u> kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu <u>zezincomo.</u> Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga <u>wasincoma</u> kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami <u>ngendiza</u>. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona <u>ezindabeni</u> kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami <u>ngalezizindaba</u> engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa <u>ezezindiza</u> azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni <u>sezindiza</u> ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi <u>kwendiza</u> ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | angazi | oluthile | | |
| | **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. | | | |
| | **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ___________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>_________**ngenkathi esawasha izingubo.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i [eye icon] kanye [mouth icon] amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu injoloba. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise injoloba kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo injoloba uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki injoloba, njengoba wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa injoloba. |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise** _____________.<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba** _____________ **izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u ______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli ______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle. |
| | **BHALA** | Bhala [eye] bese [lips] amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda [eye] bese [lips] amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **FUNDA** | Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingingila<br>Bhala **umbuzo** ngo: injinga |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inkomo | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile. |
| | **BHALA** | 1. Yini lena efuywe umalume?<br>**UMalume ufuye**______________________.<br>2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?<br>**uMalume wanika inkosi izinkomo**______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inkani<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkosi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | | nqaba | kusukela | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| | **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa ______________________.**<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge_________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a (eye icon) bese (lips icon) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala (eye icon) amagama bese (lips icon) amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u _________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e__________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye______________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u____________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba______________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo | |
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi | | |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba | | |
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha <u>esasinezinkinobho</u> ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke <u>izinkinobho</u> zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele <u>izinkinobho</u> zesikibha sikaSicelo. | | | | | |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu | |
| | entathakusa | | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe______________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (iso) kanye (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | izinsuku | ngokuthi | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba______________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga______________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a (iso) bese (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala (iso) amagama bese (umlomo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

| | | |
|---|---|---|
| | | Bhala **umusho** ngo: insimu<br>Bhala **umbuzo** ngo: insila |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

<table>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>kuqala</td><td>yedwa</td><td>ngokuthi</td><td>kuphela</td><td>kwabo</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>intuthu</td><td>izinti</td><td>izintonga</td><td colspan="2">umuntu</td></tr>
<tr><td>insimu</td><td>insika</td><td>insila</td><td colspan="2">izinsuku</td></tr>
</table>

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | inyanga | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile. |
| | **BHALA** | 1. Obani ababeya esikoleni?<br>**u__________ no_______ababeya esikoleni.**<br>2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?<br>**Bahlangana ne__________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: inyama<br>Bhala **umbuzo** ngo: nyathela |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | <u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke |

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza <u>amanzi</u> ahlanzekile, ngoba <u>amanzi</u> asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi <u>amanzi</u> aphuma emfuleni noma emadamini <u>anzulu</u> kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza <u>amanzi</u> kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_______________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda [eye] bese [mouth] amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ______________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye __________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la___________________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i___________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba________________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke [eye] bese [mouth] amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke [eye] bese [mouth] amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

<table>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td colspan="4">ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>nyathela</td><td>nyonyoba</td><td>inyama</td><td>inyoka</td></tr>
<tr><td>amanzi</td><td>inzila</td><td>inzika</td><td>nzulu</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.</td></tr>
</table>

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda bese amagama avela kumsebenzi I.</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td>Bhala umusho ngo: nyonyoba<br>Bhala umbuzo ngo: nzulu</td></tr>
</table>

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe.

**BHALA**

1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?
   **Abazali bayo bayiphathela i____________.**
2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?
   ____________**ngenkathi begibele endizeni.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i (buka usho) kanye (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

**FUNDA**

Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona.

| | |
|---|---|
| **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo | |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu | |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ___________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka ________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba___________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne_________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| | phuza | phepha | iphupho | phila |

**FUNDA**

Izingane zasekilasini lami ziyathanda ukukhuluma. Uma uthisha ephuma ekilasini, zisala zikhulumele phezulu, ziphinde zigijime ekilasini. Uthisha wethu mayebuza ukuthi obani abakhulumayo bayathula bonke, bangafuni ukuphuma. Manje uthisha wethu wanquma ukuthi kube khona ozogada abakhulumayo uma ephumile ekilasini. Uthisha usinike ithuba lokuth sizikhethele thina ukuthi ubani esifuna ukuthi kube wuyena osigadayo. Abanye uma ebakhipha bayakhala ngoba basaba ukuthi uthisha uzobathethisa, bese ethi balale.

**BHALA**

Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi 1.

**FUNDA**

Iphupho lami wukuthi ngibe udokotela uma sengimdala. Kuyayekuthiwa kufanele wazi amaphupho akho usesemncane khona uzokwazi ukuwafezekisa. Esikoleni sethu sigqugquzelwa ukuthi sazi ukuthi uma siqeda isikole sifisa ukuba yini. Kubalulekile ukuthi mina Kanye nabangani bami ukuthi sikhuthazane ngokwenza umsebenzi wesikole sonke isikhathi. Uma singakwenzi lokhu, lelithuba esilinikwayo lokufunda kufanele silisebenzi kakhulu, ukuze sibe nekusasa eliqhakazile. Othisha basesikoleni sethu ngiyabathanda ngoba bafundile kakhulu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: iphupho
Bhala **umbuzo** ngo: phuza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kwenzekani | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | ihhotela | wawuva | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubaba uthenge ipulazi elikhulu. Epulazini kukhona amahhashi, amahhoko ezinkukhu nezingulube nezinye izilwane zasekhaya. Epulazini lakithi kuphinde kubekhona ihholo elikhulu okwenzelwa khona imicimbi ehlukahlukene. Ngamanye amalanga sisiza ubaba ukuhlanza ipulazi lakithi. Ubaba ukhipha wonke amathuluzi esizowadinga ukuba lokhu kwenzeke ngendlela efanele. Ubaba mina unginike ihhala ukuthi ngisebenze ngalo. Wanika umama umshanelo, wanika ubhuti ifosholo kanti udadewethu yena wumunika ibhakede nendwangu ukuthi yena ahlanze ihhoko Kanye nehholo. |
| | **BHALA** | 1. Ubaba uthenge ini?<br>**Ubaba uthenge** ___________________.<br>2. Kukhonani epulazini?<br>**Epulazini kukhona** ______________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihholo<br>Bhala **umbuzo** ngo: ihhashi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | dlala | ukudla | udlame | dlula |
| | | isidlakela | wawuvame | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti wami uyisidlakela sensizwa edlala umdlalo wamanqindi. Njengoba emngumdlali wamanqindi, kufanele aqiniseke ukuthi udla ukudla okunomsoco. Uma edlula emgwaqeni ebona sengathi kukhona abantu abanodlame abathanda ukulwa uye abakhuze, abatshele ukuthi udlame into engalunganga, okufanele umuntu ayigweme ngasosonke isikhathi. Ngiyamthanda ubhuti wami ngoba ungifundisa izinto eziningi ngempilo. Ukufika kwakhe elokishini langakithi kwaletha ushintsho oluningi, ngoba wafika wavula indawo yokuzilolongela umdlalo wamanqindi Kanye nendawo edayisa ukudla okunempilo. |
| | **BHALA** | 1. uBhuti udlala muphi umdlalo?<br>**uBhuti udlala** _______________.<br>2. Udla ukudla okunjani ubhuti?<br>**uBhuti udla ukudla** ____________. |


## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo:<br>Bhala **umbuzo** ngo: |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wawuvame | kwasho | kwenzekani | ngenkathi | kwakhe |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi | |
| | | dlala | ukudla | udlame | dlula | |

**FUNDA**



Umndeni omncane wama-clownfish wawuhlala emadwaleni amakhorali ekujuleni kolwandle oluluhlaza okwesibhakabhaka. Umndeni omncane wama-clownfish wawuphila ngokujabula okukhulu olwandle. Wawuthola ukudla okuningi emadwaleni amakhorali. Wawunabangane abaningi emphakathini wawo omncane wakumakhorali. Wawuvame ukuzizwa ulondeke kakhulu. Kodwa ngolunye usuku, ngenkathi umndeni omncane wama-clownfish usadla isidlo sakusihlwa, wezwa umuntu ememeza ngezwi elikhulu: 'Ngisizeni! 'Ngisizeni!' 'Ngisizeni!' 'Hayi bo! Ngubani lo omemeza kangaka?' kwabuza Ubaba u-Clownfish. 'Kwenzekani?' kukhala izingane ezincane, ngokwesaba. 'Ngizohamba ngiyobheka!' kwasho uMama u-Clownfish ngesibindi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Obani ababehlala ekujuleni komfula?<br>_______________ **babehlala eduze nomfula**.<br>2. Lwalunjani ulwandle ababehlala kulona?<br>**Babehlala kulwandle** _______________.<br>3. Wawumngakanani umndeni wama-clownfish?<br>**Umndeni wama-clownfish wawu** ________________________.<br>4. Wawunabangani abangakanani lomndeni?<br>**Lomndeni wawunabangane** ________________________.<br>5. Kwenzekani ngenkathi bethi badla isidlo sakusihlwa?<br>**Ngenkathi bedla ukudla**<br>**kwakusihlwa**_________________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umndeni wama-clownfish wawuhlala olwandle olujulile<br>2. hayi bo ubani lona omemeza kangaka<br>3. lomndeni wawuphila ngokujabula. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ihhala | ihholo | ihhoko | ihhashi |
| | dlala | ukudla | udlame | dlula |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ugogo nomkhulu bahola imali yabo yempesheni ehholweni lasemphakathini wethu. Ngenkathi besendleleni beya emholweni bahlangane namahhashi ayethwele amalahle adayisayo. Umkhulu watshela ugogo ukuthi kufanele bathenge amalahle okubasa isitofu. Emuva kwalokho baphinde bahlangana nomlisa owayedayisa amahhala, umkhulu waphinde watshela ugogo ukuthi udinga ukuthenga ihhala ngoba ufuna ukulisebenzisa uma eqoqa utshani. Ugogo wasebuza umkhulu ukuthi kanti uzothenga konke ahlangana nakho na? Kuthe sebeqede ukuhola ugogo wathatha imali kumkhulu ngoba ebona ukuthi uzohamba ethenga yonke into. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | uBongi nomngane wakhe uPhila badlala emgwaqeni. Umama kaBongi wabamemeza ukuthi basuke lapho bedlalela khona, ngoba bazoshayiswa yizimoto. Emuva kokuba sebebuyile lapho bebedlala khona, kwafanela ukuthi bayogeza ngoba umama kaBongi wayeselungisa ukudla kwakusihlwa. Uma sebeqedile ukudla umama wababuza ukuthi kungani bedlalela emgwaqeni odlula izimoto eziningi kangaka. Bazama ukuphendula Kanye – Kanye kodwa umama wayesebathethisa ebabuza ukuthi uzolalela bani uma bekhuluma ngesikhathi esisodwa. Kufanele izingane zingadlali emgwaqweni ngoba zingashayiswa izimoto. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: ihhoko<br>Bhala **umbuzo** ngo: ukudla |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | ihleza | kwalokho | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Njalo <u>ehlobo</u> silindele ukuthi yonke imifino nezithelo zibe sezimilile, khona sizovuna. Kunjalo nakithi, umama utshale umbila, Kanye namapentshisi. Uma sekuyisikhathi sokuvuna umama uyaye athathe <u>isihlalo</u> agibele phezu kwaso, kukhona azo kwazi ukufinyelela phezulu. Uma sesiwukhile umbila siyaye <u>sihlube</u> amahlamvu awo umuva kwalokho siwufake ebhodweni siwupheke. Uma sewuvuthiwe, siyawupholisa siwudle. Ngenye inkathi uthola ukuthi awuvuthiwe kahle, uma uthi <u>uyahlafuna</u> uthole uqinile. Umama ubuye awudayise ngamarandi amahlanu <u>ihleza</u> lilinye. |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**uSisi ubona** ____________.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ________________. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ihlobo<br>Bhala **umbuzo** ngo: isihlalo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze |
| | **PHIMISA UMSINDO** | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |
| | | kloba | kwalokho | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umuzi kamakhelwane wasekhaya ushile. Kuthe siqeda ukulala ngakho kodwa, sabona <u>ngekloba</u> lomlilo liphuma khona. Kuthe umama <u>ekloba</u> kahle wabona ngabantu <u>sebeklele</u> ngaphandle kwalomuzi benikezelena ngomhlabathi Kanye namanzi bezama ukucisha <u>lelikloba</u> lomlilo elalilikhulu. Abantu bazama ukucisha lomlilo kwaze kwafika isicishamlilo esasibizwe ngubaba wami. Emuva kokuthi izicishamlilo seziqedile ukucisha lomlilo, zangena endlini zakhipha konke okwakusele lapho. Ngenhlanhla akekho owayelimele ngaphandle kwezinye izimpahla. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Yimuphi umuzi oshayo?<br>**Umuzi oshayo**____________________________.<br>2. Abantu bazame ukucima ngani?<br>**Abantu bazame ukucima** ____________**no** _______________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: kloba<br>Bhala **umbuzo** ngo: iklabishi |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | konke | ngakho | kanye | kwaze | kwalokho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISAU MSINDO** | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

**FUNDA**



Ngelinye ilanga umama kaMbuso wamtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi. UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. UMbuso wacabanga ukwakha izinqaba zesihlabathi ezizungezwe yimisele, egcwele amanzi asolwandle. UMbuso nomama wakhe baya ukuyothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomfana okukhulunywa ngaye kulendaba?<br>**Igama lomfana** ________________________.<br>2. Umama wakhe wayemthembise ukuthi bazoyaphi?<br>**Umama wayemthembise ukuthi bazoya** __________________.<br>3. Babezohamba nini ukuya ebhishi?<br>**Babezoya ebhishi**____________________________.<br>4. uMbuso wabonani uma bengena esitolo?<br>**uMbuso wabona** ________________**ne** ___________________________.<br>5. Bahamba amahora angakanani ukuya ebhishi?<br>**Bahamba** ________________________________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umbuso nomama wakhe baya ebhishi<br>2. kungabe nizohamba ngetekisi mbuso<br>3. uma siya ebhishi siphatha amafosholo amabhakede nezinye izinto zokudlala. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | ihlobo | isihlalo | hlafuna | hluba |
| | | iklabishi | klabalasa | klela | ikloba |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Sinezinkathi zonyaka ezine. Ihlobo, ikwindla, ubusika Kanye nentwasahlobo. Ihlobo Kanye nentwasahlobo yizona zinkathi engizithokozelayo ngoba izulu lifudumele ngalezozinkathi kanti sekuqala nokunetha. Izihlahla nazo seziqala ukuveza izimbali ezinhle kanti nezithelo nemifino nazo sezimilile. Okunye okuhle ukuthi sigqoka izingubo ezipholile ngasosonke isikhathi. Ngalesisikhathi futhi abantu bakhipha izihlalo ngaphandle bahlale khona ngoba kuyashisa endlini. Noma siya esikoleni asiwafaki amajezi uma kuyihlobo, sizifakela amahembe wodwa. |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | FUNDA | Ngelinye ilanga esikoleni sasenza isifundo sesayensi. Kwenzeka ukuthi uthisha asithathe ayosiklelisa engadini yesikole lapho kutshalwe khona izithelo nemifino efana neklabishi. Kwathi sisafunda ngayo lemifino Kanye nezithelo, sabona amaxoxo amancane aluhlaza okotshani. Sasilokhu siwezwa exokozela ngasosonke isikhathi eduze nasengadini kodwa singawanaki. Kuthe sesiwabona ngempela lamaxoxo, kwabakhona umfundi owamane waklabalasa esaba wona lamaxoxo. Kuthe sesiqeda ukufunda, uthisha wayesethi sikhe amaklabishi, siyonika omama abapheka ekhishini. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: hlafuna<br>Bhala **umbuzo** ngo: klabalasa |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | ngayo | kunabo | lapha | kuso |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | Nceku |
| | | ncane | ngasosonke | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ingane yakithi encane, ithanda ukuncela incence yayo. Umama uvuka ayigeze ekuseni, ayilungiselele ukudla kwayo. Uma seyiqedile ukugeza nokugqoka, umama uyifunza ukudla kwayo. Uma isidlile, yilapho seyifuna ukuncela incence yayo. Umama uyazama ukuyiyekisa ukuncela incence, kodwa yona ayifuni. Kwala noma ibolelwe amazinyo, kuthiwa azokhishwa, ayinandaba, inqobo nje uma ezonikezwa incence yakhe. Mina ngisesemncane umama wami wangitshela ukuthi mina ngangithandi ukuncela ibhodlela kodwa ngincela ibele kuphela. |
| | **BHALA** | 1. Ithandani ingane encane?<br>**Ingane encane ithanda ________________.**<br>2. Umama uvuka ayenzeni ingane?<br>**Umama uvuka__________________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ncela<br>Bhala **umbuzo** ngo: ncoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngayo | indandatho | lapha | kuso |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indiza | indingiliza | | indima |
| | | izindaba | ngasosonke | kunabo | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umzala wami uBebe uzoshada kungekudala. Uzoshada umshado omhlophe. Umyeni wakhe ufuna ukumthengela indandatho, kodwa akazi ukuthi uzomthengela emlinganayo na. u-Anti wami wambiza wathi "woza lapha ngizokunikeza icebo lokuthi usayizi wakhe ungawuthola kanjani." Wabesenqamula intambo, wathi kuye makayenze indingiliza njengendandatho, ayilinganise nomunwe wakhe khona ezoya nayo esitolo esidayisa izindandatho. Ngempela kwathi umzala wami engalindele, umyeni wakhe walinganisa intambo emunweni wakhe engalindele, waseyibopha eyenza indilinga. Wathi uma efika esitolo wabanikeza yona, base bemnikeza indandatho elingana nalendilinga. Bashada kwabamnandi, sasesiyamtshela umzala ukuthi usayizi wendandatho utholakele kanjani. |
| | **BHALA** | 1. Ubani owayezoshada maduzane?<br>______________**owayezoshada maduzane.**<br>2. Basebenzisani ukuthola usayizi wendandatho yakhe?<br>**Basebenzisa ________________ ukuthola usayizi wendandatho yakhe.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: indandatho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngayo | kunabo | ngasosonke | lapha | kuso |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**



uZodwa wayethanda ukugijima. Wayezilolongela ukugijima nsuku zonke. Wayethanda indlela umoya owawumshaya ngayo ebusweni bakhe. Ewuthanda nomsindo owenziwa yizinyawo zakhe enhlabathini. Wayethanda nokuthi njalo wayeba umgijimi onejubane kunabo bonke. Kodwa uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe bese esika izinyawo zakhe. Engayithandi nendlela umhlabathi owawushisa ngayo izinyawo zakhe. Futhi ikakhulukazi wayengathandi indlela ezinye izingane ezazimhleka ngayo ukuthi ugijima ngaphandle kwezicathulo. Kodwa, umndeni kaZodwa wawungenayo imali yokumthengela izicathulo. 'Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke!' kwanquma uZodwa.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lentombazane ethanda ukugijima?<br>**Igama lentombazane ethanda ukugijima u__________.**<br>2. Wayezilolonga kangaki evikini?<br>**Wayezilolonga___________________.**<br>3. Owani lomsindo ayewuthanda?<br>**Wayethanda umsindo____________.**<br>4. Kungani uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe?<br>**uZodwa wayengathandi ukugijima phezu kwamatshe ngoba___________________________.**<br>5. Yini lena uZodwa ayengenayo?<br>**uZodwa wayengenazo___________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uzodwa intombazane enejubane elikhulu<br>2. Noma kanjani, nginezicathulo noma anginazo, ngizogijima nsuku zonke kwanquma uzodwa.<br>3. umndeni kazodwa wawungenayo imali yokuthenga izicathulo zokugijima |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | incence | ncoma | ncela | nceku |
| | indiza | indingiliza | indandatho | izindaba |

**FUNDA**

Uthisha wethu uyathanda ukusincoma uma senze kahle. Ekilasini lethu sizama ngakho konke esinakho ukuthi siyasebenza futhi siziphatha kahle khona uthisha wethu ezosincoma. Uthisha akasincomi kuphela kodwa usibeka izinkanyezi emabunzi noma ezincwadini zethu zezincomo. Ngolunye usuku mina neqembu lami sashanela igumbi lethu laba lihle, sashanela nomata wethu esifundela kuwona, saphinde saqoqa izincwadi zokufunda saqoqa netafula lakhe kahle. Wathi engena ekilasini ekubona lokhu, wabonga wasincoma kakhulu, wasinika izinkanyezi namaswidi ahlala ebhodleleni labantu abenze kahle.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi 1

**FUNDA**

Ngolunye usuku ngahambe no-anti wami saya eThekwini. Wayengithembisile ukuthi ngelinye ilanga uyohamba nami ngendiza. Ezinsukwini ezimbalwa, ngaphambi kokuthi sihambe, ngangithukile ngoba ngabona ezindabeni kuthiwa kukhona indiza eyayiwile kwelinye lamazwe angaphesheya kolwandle. Ngatshela u-anti wami ngalezizindaba engizibonile, wangiqinisekisa ukuthi izingozi zenzeka yonke indawo, kodwa ezezindiza azivamile kakhulu kunezezimoto. Ngehlisa umoya emuva kokuzwa konke lokhu. Ngaqala ngapakisha izimpahla engangizohamba ngazo. Lwafika usuku esasizohamba ngalo, safika esikhumulweni sezindiza ngisathukile. Ngenkathi sengingenile phakathi kwendiza ngaqala ngazizwa kangcono. Kwathi sesifika eThekwini, ngase sengikhohliwe yikho konke okwakungithusa.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: incence
Bhala **umbuzo** ngo: indingiliza

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | angazi | oluthile | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Izolo umama ubewasha izingubo zezingane Kanye namakhethini. Ngaphambi kokuthi awashe, wenzela izingane zakhe ukudla wazibekela phezu kwetafula. Kuthe, esawasha ngaphandle wezwa umsindo omkhulu wokuphahlazeka kwengilazi. Wayeka lokhu ayekwenza enethemba lokuthi akusikho lokhu acabanga ukuthi yikhona, kanti kuzothi lapho engena ekhishini ahlangane namabhodlela ezingilazi eziningi ziwele phansi, uma ethi uyabhekisisa abone nekhabethe elihlala izingilazi liwile nalo. Waphuthuma wabiza ubaba ukuthi azophakamisa ikhabethe, watshela izingane ukuthi zingasuki lapho zihleli khona, wayesethatha umshanelo eshanela zonke izingcezu zezingilazi ezaziphukile. |
| **BHALA** | 1. Ubewashani umama izolo?<br>**Izolo umama ubewasha** ____________________.<br>2. Kwenzekeni endlini ngenkathi ewasha izingubo?<br>__________**ngenkathi esawasha izingubo.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingoma<br>Bhala **umbuzo** ngo: ingilazi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | lena | akusikho | oluthile | kwakusho |
| **PHIMISA UMSINDO** | injabulo | injinga | njalo | injoloba |
| | njengoba | ngolunye | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Esikoleni sethu, othisha bethu bafuna sisebenzise irula njalo uma sibhala umsebezi wakhe. Umsebenzi ongadwetshwelanga ngerula awubukeki kahle. Abanye abafundi bona ubathola bedwebela ngomunwe. Okunye abanguthandi othisha bethu <u>injoloba</u>. Abafundi abaningi bayayithanda ukuyisebenzisa noma singekho sidingo. Abafundi bayaye basebenzise <u>injoloba</u> kuze kudabuke izincwadi. Omunye umfundi ekilasini lethu ongenayo <u>injoloba</u> uphinde asebenzise umunwe ukurabha incwadi yakhe. Uthisha wethu akasiniki <u>injoloba,</u> <u>njengoba</u> wayesebonile ukuthi sidabula izincwadi uma siyisebenzisa. Uthisha uyena kuphela ovumeleke ukusebenzisa <u>injoloba.</u> |
| | **BHALA** | 1. Ukuyini lokhu okunye uthisha angathandi ukuthi bakusebenzise?<br>**uThisha akathandi ukuthi basebenzise ______________.**<br>2. Izinzeni injoloba izincwadi zabafundi?<br>**Injoloba ______________ izincwadi zabafundi.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: injabulo<br>Bhala **umbuzo** ngo: injoloba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | lena | akusikho | ngolunye | oluthile | kwakusho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | ingane | ingoma | ingilazi | ingingila |
| | | injabulo | injinga | njalo | injoloba |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** |  uMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika. Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu, akazange azibone eba ngumdansi. Iphupho lakhe kwakungukuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola likanobhutshuzwayo. Ngenkathi uMusa eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, omunye wamkhahlela edolweni emdlalweni kanobhutshuzwayo. Idolo lakhe belivuvuka njalo ebusuku. Abazali bakhe babona ukuthi lokhu akusikho ukulimala kwedolo okujwayelekile, base banquma ukumyisa esibhedlela. Esibhedlela bamhlola bathola ukuthi unesifo somdlavuza obizwa phecelezi ngokuthi "Osteosarcoma". Yikhona lokhu okwagcina kumenza umdansi ovelele, ngoba wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. |

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Ubani igama lomdansi omangazayo waseNingizimu Afrika?<br>**Igama lomdanzi omangazayo eNingizimu Afrika u _______________.**<br>2. Kwakuyini iphupho lalomdansi ngenkathi esemncane?<br>**Iphupho lakhe kwakuwuku_____________.**<br>3. Wayeneminyaka emingaki uMusa ngenkathi bemkhahlela?<br>**uMusa wayeneminyaka e__________ ngenkathi bemkhahlela.**<br>4. Liyini igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa?<br>**Igama lesingisi lomdlavuza owawuphethe uMusa i_______________.**<br>5. Belenzani idolo lakhe njalo ebusuku?<br>**Idolo lakhe beli _______________ njalo ebusuku.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umusa umdansi ovelele waseningizimu afrika<br>2. umusa wayethanda ibhola likanobhutshuzwayo<br>3. iminyaka yakhe yayisishiyagalolunye |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

<table>
<tr><td rowspan="1"></td><td>BUKA USHO</td><td colspan="4">kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>ingane</td><td>ingoma</td><td>ingilazi</td><td>ingingila</td></tr>
<tr><td>injabulo</td><td>injinga</td><td>njalo</td><td>injoloba</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Izingane zasesontweni lethu zicula izingoma ezimnandi. Ezinye zezingoba abaziculayo baqale bazifunde ngamanothi bese bezifakela amagama. Kusukela kudala ezikoleni othisha babefundisa abafundi izingoma ngamanothi ngaphambi kokuthi bazicule ngamagama. Kamuva nje akusaculwa izingoma zamanothi kuphela, kodwa sekuculwa nezingoma zomdanso, ezenza abantu banyakaze uma bezicula. Ngiyajabula kakhulu ukuba ingxenye yaleliqembu lesonto elicula kahle kangaka. Abaphathi besonto lethu baphinde basitshela ukuthi uma siqhubeka nokucula izingoma ezimnandi, sizohamba siyocula ngaphesheya kwezilwandle.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama kwisichazamazwi sakho.</td></tr>
</table>

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi I</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td>Ngenkathi ekhaya beyothenga ukudla Kanye nezimpahla zikakhisimusi, baphinde basithengela izinto zesikole. Kuthe umama wami ethi ungithengela injoloba nerula, ngamcela ukuthi athenge irula kuphela kodwa angayithengi injoloba. Ngimcele ukuthi angayithengi ngoba, uthisha wethu wayesiyalile ukuthi akathandi ukuthi siyisebenzise ngoba sidabula izincwadi ngayo. Umama wayeseyavuma, washo naye ukuthi uthisha wethu uqinisile,naye uzothenga irula nokunye okudingekayo esikoleni. Ngajabula kakhulu uma umama esithengela konke lokhu.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td>Bhala umusho ngo: ingingila<br>Bhala umbuzo ngo: injinga</td></tr>
</table>

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inkomo | kusukela | | |

**FUNDA**

Umalume wami ufuye izinkomo eziningi. Unezinkomo zezinhlobo ezahlukahlukene. Unezinkunzi, izinkomazi nezinkonyane. Izinkomo zakhe zinemibala emihle, kanti uyakwazi ukuzihlukanisa ngemibala yazo, futhi uzinike namagama. Izinkunzi zakhe zinenkani azifuni ukungena esibayeni uma ziphuma ukodla emadlelweni. Umalume uphe inkosi yasendaweni yakithi izinkomo ezinhlanu njengesipho sikakhisimusi, njengoba inkosi iyaye iphiwe izipho ezahlukahlukene abantu basendaweni. Uma ngikhula name ngifuna ukufana nomalume wami ngifuye yonke inhlobo yemfuyo ekhona. Ngizoba umlimi odumile futhi onothile.

**BHALA**

1. Yini lena efuywe umalume?
   **UMalume ufuye**______________________.
2. Wayinika isipho sezinkomo ezingaki inkosi, umalume?
   **uMalume wanika inkosi izinkomo**________________________.

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i [buka] kanye [phimisa] amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inkani
Bhala **umbuzo** ngo: inkosi

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kuthe | yingani | kamuva |
| **PHIMISA UMSINDO** | inqola | inqina | inqaba | nqoba |
| | nqaba | kusukela | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ekhaya kudayiswa amanqina enkukhu, enkomo Kanye nawengulube. Abantu abaningi bayawathanda amanqina aphekwe umama wami. Ubaba naye uyamsiza umama ngebhizinisi lakhe lamanqina. Ubuye amgqugquzele ukuthi adayise inezinye izinhlobo zokudla khona ekugcineni ezokwazi ukuzivulela isitolo sakhe sokudla. Ubaba uye athathe umama ngenqola yakhe bahambe baye emakethe bayothenga lawomanqina. Noma umama eyodayisa ezindaweni ezahlukahlukene ubaba uyamhambisa ngenqola yakhe. Ibhizinisi lokudayisa amanqina liyayifaka imali, ukwazi ukuphila njengabanye abantu. |
| **BHALA** | 1. Yini edayiswa uMama?<br>**uMama udayisa** ______________________.<br>2. uBaba umthutha ngani umama?<br>**uBaba uthutha umama nge**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqina<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqola |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kwento | kusukela | kuthe | yingani | kamuva |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

**FUNDA**



Ibhele likaMarie beliwukuphela kwento ebalulekile ayenayo. Waqala ukulala nebhele elinguthedi wakhe okhethekile kusukela esewusana oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Ngesikhathi ezizwa edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Lapho esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe. Ibhele bekuyilona thoyizi elibalulekile umama ayengavumi abanye ukuthi badlale ngalo. Kodwa uMarie waye ngudadewethu omdala onomusa – njalo wayemvumela uJosh omncane ukuba abambe futhi adlale ngebhele. Ngelinye ilanga kuntambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wayesezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe ethi. 'Usugugile,' ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe. 'Kodwa ngikuthanda kunjalo!'

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | 1. Ubani onebhele alithanda kakhulu?<br>**u ________ owayenebhele alithanda kakhulu.**<br>2. Waqala ukuba nalothedi engakanani?<br>**Waqala ukuba nothedi e________________.**<br>3. Wayenzani uma ezizwa edangele?<br>**waye_____________ uma ezizwa edangele.**<br>4. Ubani igama lengane yakubo kaMarie yomfana?<br>**Igama lengane yakubo kaMarie yomfana u___________.**<br>5. Kungani kuthiwa uMarie unomusa?<br>**Kuthiwa uMarie wayenomusa ngoba_____________.** |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 1

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | FUNDA | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |

## ULWESIHLANU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | BHALA | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umarie udadewabo kajosh omdala<br>2. umarie wayenothedi awuthanda kakhulu<br>3. usugugile kodwa ngikuthanda unjalo kwasho umarie |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | inkanyezi | inkani | inkinobho | inkosi |
| | inqola | inqina | inqaba | nqoba |

| | |
|---|---|
| FUNDA | uSicelo nabangani bakhe babedlala umdlalo webhola lezinyawo nabangane bakhe. uSicelo wayedlala yedwa ekuqaleni, base beza abangane bakhe bezodlala naye. uSicelo uwukuphela komfana kwabo, ngakho inkathi eningi udlala yedwa. Ngenkathi bedlala wayefake isikibha esasinezinkinobho ezimibalabala. Wathi engazelele uPule umngane wakhe omkhulu wamdonsa ngesikibha engazelele, zaseziphuma zonke izinkinobho zesikibha sakhe. Kuthe sebefika kubo kaPule umngane wakhe basexoxela umama wakhe ngokwenzekile, wayesecela udadewabo kaPule omdala ukuthi amfakele izinkinobho zesikibha sikaSicelo. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: inkinobho<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | entathakusa | | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Kwakukhona omunye umlisa owadukela ekhaya ngelinye ilanga. Sathi singazelele, ngelinye ilanga kuyintathakusa, kwanqonqoza umlisa mumbe owayehamba yedwa. Sethuka sonke ekhaya ngoba sasingalindele muntu ngalelolanga ikakhulukazi ngentathakusa. Ubaba waya emnyango eyovula, ukuze ezwe ukuthi lomlisa ufunani. Wathi evula nje wabona lomuntu ephethe izinti ezazishunqa intuthu sengathi izinti zikamentshisi. Kuthe embuza ukuthi angamsiza ngani, wathi udukile ubecabanga ukuthi kukwabhuti wakhe omdala. Sasithuke ngempela, kodwa ubaba wasitshela ukuthi umuntu odukile nje. |
| **BHALA** | 1. Kwakuyisikhathi sini ebusuku uma kunqonqoza umlisa othile?<br>**Umlisa lo, wanqonqoza nge_______________.**<br>2. Wayephetheni lomlisa ezandleni zakhe?<br>**Lomlisa wayephethe_____________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i (iso) kanye (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: entathakusa<br>Bhala **umbuzo** ngo: umuntu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kuqala | yedwa | kuphela | kwabo |
| **PHIMISA UMSINDO** | insimu | insika | insila | insini |
| | izinsuku | ngokuthi | | |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ukuchelela insimu kubalulekile kakhulu. Kubalulekile ngoba kugcina izitshalo zethu ziphilile futhi zikhula kahle. Ngaphandle kokuchelela insimu, izinsuku zazezaningi zizosha futhi zingakhiphi izitshalo ezinhle ezilindelekile. Uma sidla izithelo Kanye nemifino ezingawotholanga amanzi anele singagcina sesigula ngokuthi sidle izithelo ezingalunganga kahle. Kufanele siqiniseke ukuthi izinsimu zethu sizichelela ngokulingene nangamanzi aphephile ngasosonke isikhathi. Izithelo nemifino zezinsimu zamanje azisavamile ukukhuliswa ngokwemvelo kodwa sezifakwa amakhemikhali ukuze zikhule. |
| **BHALA** | 1. Kubaluleke ngani ukuchelela insimu ngasosonke isikhathi?<br>**Ukuchelela insimu kubaluleke ngoba_____________.**<br>2. Izinsimu zezithelo nemifino yamanje sebezikhulisa ngani<br>**Izinsimu zezithelo nemifino yamanje zikhuliswa nga____________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a (iso) bese (umlomo) amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala (iso) amagama bese (umlomo) amagama kwisichazamazwi sakho. |

Bhala **umusho** ngo: insimu
Bhala **umbuzo** ngo: insila

## ULWESINE UMSEBENZI 1

**BUKA USHO**

| kuqala | yedwa | ngokuthi | kuphela | kwabo |
|---|---|---|---|---|

**PHIMISA UMSINDO**

| | | | |
|---|---|---|---|
| intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| insimu | insika | insila | izinsuku |

**FUNDA**



uNtsako wazizwa ecasuka. Udadewabo omncane, uFanisa, wayesanda kuqala nje Ibanga 1, futhi wayengeke amshiye yedwa uNtsako. uFanisa wayelandela uNtsako yonke indawo. uFanisa wayesaba kakhulu. Wayebukeka ehlukile kunabo bonke abanye. Wayekhathazekile ngokuthi akukho muntu ozofuna ukwenza ubungane kanye naye. Ngosuku lokuqala lwesikole, uNtsako wafika ngaphambi kwesikhathi ukuze azobingelela bonke abangane bakhe. uFanisa wema ngemva kwakhe, ebambe ingubo yakhe. 'Ngiyekele!'uNtsako ecabanga. Kodwa kwakusekuseni ngosuku lokuqala lwesikole, wanquma ukuba amyeke uFanisa, ngalolo suku nje kuphela.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

1. Ubani owayesanda kuqala esikoleni?
   **U__________________ owayesanda kuqala esikoleni.**
2. Ubani igama likasisi kaNtsako?
   **Igama likasisi kaNtsako u____________________.**
3. Kwakuwusuku lwesingaki lesikole lolu?
   **Kwakuwusuku lo__________________.**
4. Yini eyenza uFanisa esabe kakhulu?
   **uFanisa wayesaba kakhulu ngoba__________________.**
5. Wafika ngasiphi isikhathi uNtsako ngalelolanga?
   **uNtsako wafika nga____________________.**

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. untsako udadewabo ka fanisa<br>2. ufanisa wayesaba kakhulu<br>3. ngiyekele uNtsako ecabanga. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | intuthu | izinti | izintonga | umuntu |
| | insimu | insika | insila | izinsuku |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Uma kukhulunywan ngezinto ezinukubeza umoya, ezinye zazo intuthu. Intuthu yanoma yini iyingozi ebantwini. Siyazi ukuthi intuthu yogwayi ayiwaphathi kahle amaphaphu omuntu. Kanti nasemafemini lapho kushiswa noma yini abayishisayo, nakho lokho kwenze abantu ukuthi baphefumule umoya ongcolile obangwa yiyo lentuthu. Siye sexwayiswe ukuthi singabohlala eduze kwabantu ababhemayo, singalali nezimbawula ezindlini ngoba intuthu yakhona nayo iyingozi, kanti iyababulala abantu. Nalapha esikolweni siyafundiswa kumakhono empilo ngokunukubezwa komoya. Ngakho kufanele siqaphele ngasosonke isikhathi. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Akubukeki uma umuntu enensila, ngoba kuchaza ukuthi umuntu akagezi kahle zonke izinsuku. Ngelinye ilanga esikoleni kwakukhona ingane eyayinensila emqaleni Kanye nasezindlebeni, abanye abafundi bengafuni ukuhamba noma badlale nayo. Uthisha wakuqaphela lokhu uma kuyisikhathi sekhefu, ukuthi lengane ihlala ihlezi yodwa. Kuthe uthisha ekubona lokhu, wambiza lomfundi embuza ukuthi kudalwa yini ukuthi angadlali nabanye abafundi. Wayesaphendula umfundi ukuthi abanye abafundi bayamhleka bathi unensila. Uthisha wezwa ubuhlungu, wayesebuza ukuthi kungani bengamgezi kahle ekhaya? Wayesesho kuthisha ukuthi kubo ayikho insipho yokugeza. Uthisha wayemnika insipho, wafika engasenayo insila, nalaba ababemhleka bagcina bedlala naye. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: izinsuku<br>Bhala **umbuzo** ngo: insika |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | inyanga | | | |

**FUNDA**

uBebe nomngane wakhe uNtando babephuma ekhaya ekuseni beya esikoleni. Kuthe besasendleleni babona kunokunyakaza okwenzekayo ehlashaneni eliseduze nalapho bebedlula khona. Ngoba babethukile kanti bashiwa yisikhathi, bazama <u>ukunyonyoba</u>, <u>benyathela</u> kancane ngoba bebengazi ukuthi kunani lapho ehlathini. Kuthe bengalindele babona <u>inyoka</u> idlula eduze nezinyawo zabo. Bathuka basaba nokumemeza ngoba besaba ukuthi <u>inyoka</u> izobezwa bese iyabaluma. Yadlula <u>inyoka</u> inyabezwanga kodwa baqhubeka baya esikoleni behamba benyathela ngokucophelela. Bafika esikoleni bephephile.

**BHALA**

1. Obani ababeya esikoleni?
   **u__________ no_______ababeya esikoleni.**
2. Yini lena abahlangana nayo endleleni?
   **Bahlangana ne__________.**

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: inyama
Bhala **umbuzo** ngo: nyathela

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | amanzi | inzila | inzika | inzuzo |

**FUNDA**

<u>Amanzi</u> abalulekile kakhulu ezimpilweni zethu. Umuntu uma engawaphuzi <u>amanzi</u> ngokwanele, kanti futhi akulungile ukuwaphuza kakhulu ngoba enza umzimba ugcwale amanzi ngokungafanele. Kubalulekile ukuthi sibheke

| | | |
|---|---|---|
| | | ukuthi siphuza amanzi ahlanzekile, ngoba amanzi asemfuleni avamise ukuba nenzika uma engahlanziwe kahle, ngakho kubalulekile ukuthi amanzi aphuma emfuleni noma emadamini anzulu kufanele abiliswe ngaphambi kokuthi aphuzwe. Ngakho masiqiniseke ukuthi siphuza amanzi kahle kanti aphephile ngasosonke isikhathi. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**__________________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**_________________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: umuhlwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: lahlwa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kanye | sethu | nawe | onayo | leli |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | | amanzi | inzila | inzika | |

**FUNDA**



Esikhathini eside esedlule kwakunomfana ogama lakhe linguJack. uJack wayehlala yedwa kanye nomama wakhe. uBaba wakhe washona uJack eselusana nje. Ngenkathi ubaba wakhe esaphila, izimuzimu elikhohlakele leba ihabhu lakhe lomlingo kanye nesikhukhukazi sakhe somlingo esasizalela amaqanda egolide. "Uma nje kungabuya isikhukhukazi sethu somlingo, singaba nemali yokuthenga ukudla! Thatha inkomo yethu uyiyise endalini, Jack!" uJack kanye nomama wakhe babempofu kakhulu. Babengenakho ukudla, kanti nemali babengenayo. uMama kaJack wanquma ukuthi bathengise inkomo yabo yokugcina. Ngakusasa ekuseni, uJack wahamba waya endalini ukuyothengisa inkomo yabo.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | 1. Kwakungubani igama lomfana?<br>**Igama lomfana u ____________________.**<br>2. Wayengakanani uJack uma ubaba wakhe eshona?<br>**uJack waye ________________ ngenkathi ubaba wakhe eshona.**<br>3. Lenzani izimuzimu ngenkathi ubaba kaJack eshona?<br>**Izimuzimu la________________________________________ ngenkathi ubaba kaJack eshona.**<br>4. uMama kaJack wathi adayiseni ukuze bakwazi ukudla?<br>**uMama kaJack wathi mabadayise i_________________________ ukuze bakwazi ukudla.**<br>5. Babeyidayiselani inkomo uJack nomama wakhe?<br>**uJack nomama wakhe babeyidayisa ngoba________________________________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama kajack jack babengena kudla<br>2. izimuzimu lantshontsha inkukhu ezalela amaqanda egolide ihabhu lomlingo<br>3. ngakusasa ekuseni ujack wahamba waya endalini wayodayisa inkomo |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 3 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi | |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | nyathela | nyonyoba | inyama | inyoka |
| | amanzi | inzila | inzika | nzulu |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Inyama ibalulekile nayo emizimbeni yethu njengemifino nezithelo. Ziningi izinhlobo zenyama ezikhona, kukhona inyama ebomvu, okuyinkomo, imvu, imbuzi njalo njalo. Enye inyama ekhona inyama emhlophe leyo inyama efana nenhlanzi Kanye neyenkukhu, nezinye esizidliwa esikhathini samanje. Inyama iwela esigabeni samaprotheni esivela ezigabeni zokudla okufane kudliwe ngendlela efanele njengemifino nezithelo. Abanye abantu sebedla inyama yenyoka Kanye namaxoxo. Abantu abaningi bayayisaba inyama yakhona. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |
| FUNDA | Inzila izimpahla ezigqokwa uma kukhona umuntu oshonile. Unkosikazi uyaye agqoke izingubo ezimnyama, ukusuka ekhanda ukuya onyaweni. Umuntu wesilisa yena ufaka inzila nje eyindwangu encane eboshelelwa engalweni. Izingane nezinye izihlobo eziseduze zona zifakwa indwangu encane eyisikwele efakwa ngesipeletu. Lokhu kubalulekile kwabanye abantu. Kuyindlela ekhombisa inhlonipho kulaba abangasekho. Ngakho inzila ibalulekile kubona. Abantu bezizwe zonke, banendlela yabo abakhombisa ngayo inzila engafani neyethu, futhi kumele kuhlonishwe lokho. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: nyonyoba<br>Bhala **umbuzo** ngo: nzulu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ingane yakithi encane bayiphathela incence konke laphosiyakhona. Ngisho noma sizohamba ngendiza uhlala eyiphethe incence yakhe. Ngelinye ilanga siya eKapa singumndeni, wayelokhu eyibambile incence yakhe. Kwathi indiza ikhuphuka, incence yakhe yawa, yagiqika indiza yonke. Kwafanela ukuthi abasizi basendizeni bafunane nalo, ngoba umnikazi walo wayesekhala elifuna la. Kuthe itholakala incence yakhe wakhombisa injabulo enkulu. Sathi sesihamba ibanga lonke wayesezithulele esizencelela incence yakhe. |
| **BHALA** | 1. Ingane encane bayiphathelani abazali bayo?<br>**Abazali bayo bayiphathela i____________.**<br>2. Kwenzekeni endizeni ababeyigibele?<br>____________**ngenkathi begibele endizeni.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incence<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkanyezi |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo |
| | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Ilanga liyasikhanyisela emini, kanti ebusuku sibona inyanga nezinkanyezi. Lokhu kusho ukuthi zonke izinto ezikhona emhlabeni zibalulekile, njengazo izinkanyezi, ilanga, inyanga nakho konke okukhona okusemkhathini nasemhlabeni. Noma intuthu sithi inukubeza umoya kodwa nayo isuke ikhona ekwenzayo esiza ngakho kulabo abasuke bekhona abakuphekayo nabakushisayo. Amanzi asolwandle, emadamini Kanye nasemifuleni nawo anendima yawo ewadlalayo ezimpilweni zethu. Yingakho kubalulekile ukuthi sihloniphe umhlaba esiphila kuwona. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uyini umsebenzi welanga?<br>**Umsebenzi welanga u__________________.**<br>2. Izinkanyezi zona zibonakala nini?<br>**Izinkanyezi zibonakala e__________________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: indiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: injabulo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | ngalapho | elikhulu | kwenye | ngalinye | yimi |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incence | indiza | ingane | injabulo | |
| | | inkanyezi | inqola | intuthu | insimu | |

**FUNDA**




uStacey Fru wazalelwa eGoli ngo-2007, eNingizimu Afrika. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Bemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka. Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye. Wayethanda ukuphenya amakhasi, ebuka imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye. uStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye. Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo. Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Wazalelwaphi uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa e ____________________.**<br>2. Wazalwa ngamuphi unyaka uStacey Fru?<br>**uStacey Fru wazalwa ngonyaka _________________.**<br>3. Babenzani abazali bakaTracy ngenkathi eselusana?<br>**Abazali baka Stacey Fru ba____________ ngenkathi eselusana.**<br>4. Ngenkathi emncane wayehlala eduze nani?<br>**Ngenkathi emncane wayehlala eduze ne__________________.**<br>5. Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukwenzani?<br>**Ekugcineni uStacey Fru wayefuna ukuba_________________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. ustacey fru wazalwa egoli ngo 2007<br>2. ustacey uthanda ukufunda izincwadi ezahlukahlukene<br>3. abazali bakhe babemgona bemfundela izincwadi |